**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI KWAZULU-NATAL UMNUZ WILLIES MCHUNU EMCIMBINI WOKUHENDULA ISOYI LOMGWAQO U-P263 EMNAMBITHI MHLAKA 26 APRIL 2011.**

Mphathi wohlelo;
Inkosi yaKwaShabalala;
Amakhosi aseNdlunkulu;
Amalungu esiShayamthetho;
Imeya yoMkhandlu waseMnambithi;
Amakhansela;
Izinduna;
Izisebenzi zomnyango ziholwa iNhloko yoMnyango uHlabisa;
Amalungu ezinhlaka esisebenzisana nazo kwezokuthutha ama-RRTF, ama-CRSC, ama-PTPA, uVukuzakhe noZibambele;
Abezindaba;
Umphakathi wonke ngiyanibingelela.

Namhlanje wusuku olukhulu emphakathini walapha eMatiwane nasesiFundeni sasoThukela sonkana. Wusuku esithe ochungechungeni lwezinhlelo zethu zokuya emphakathini masizohlangana nani sizokuthi halala ngentuthuko yemigwaqo eqhubekayo lapha.

Siyajabula futhi ukuthi sesidlulile esikhathini sePhasika sonke sisaphephile. Siyazi futhi ukuthi leli viki linomlando ezweni lethu njengoba kusasa sigubha usuku lwenkululeko, okuwusuku esaqala ukuvota ngalo eNingizimu Afrika. Ngakho-ke ngibonga kufanele ukuthi i-project elethwe kule ndawo namhlanje siyithathe njengophawu lenkululeko esiyigubhayo.

Lezi zinhlelo zokuya emiphakathini siziqale kusukela ngo-October wonyaka odlule lapho, njengosiko lwethu kuHulumeni, sinikezela ngokusemthethweni wonke ama-project esesiwaqedile, siphinde sizibophezele ngalawo esizowaletha emphakathini. Akukho ukuthi zenziwa mhlambe ngoba kuza ukhetho.
Lolu hlelo lokuya emiphakathini luyasilekelela nasekutheni sikwazi ukuchazela abantu bakithi ukuthi phela ngenkathi singena kulo Hulumeni ngo-2009, sike sabambezeleka ngenxa yenzikamnotho ebihlasele umhlaba wonke, kanti nesikhathi esiningi sithathwe ngamalungiselelo eNdebe yoMhlaba.

Esiyaye sikuthande futhi sikubonge kakhulu njengoHulumeni emiphakathini yakithi yindlela enisibekezelela ngayo. Siyazi phela ukuthi ngenxa yobukhulu besifundazwe nezindawo eziningi zasemakhaya ezisasilele emuva ngengqalasizinda yomgwaqo, kuyenzeka eminye imisebenzi ithathe isikhathi eside ukuba siyiqale emiphakathini yethu.

Kodwa okunye futhi okumele sikugcizelele yilokhu kokubambisana koHulumeni basekhaya nowesifundazwe. Sesiyazi ukuthi kwezinye izindawo intuthuko ibanjezelwa ngukuthi amakhansela nabasebenzi boMasipala abathile abafuni ukubambisana nemiNyango kaHulumeni wesifundazwe ukuze kubhekwe ukuthi imiphakathi ingasizakala kanjani.

Namhlanje-ke singuMnyango wezokuThutha egameni likaHulumeni waKwaZulu-Natali sizozibophezela phambi kwenu emini bebade ukuthi umphakathi walaha eMatiwane, ikakhulu nezingane zesikole, usuzokwazi ukufinyelela kalula eCwembe Primary School, Veyisi Primary School, Mancengeza Secondary School naseMatiwane Clinic.

Siyazibophezela ukuthi lo mgwaqo ongu-P263 usuzokuba netiyela. Njengoba lo mgwaqo ungu-50 km ubude, uMnyango usunesiqiniseko sokuthi uzokwazi ukwakha amakhilomitha angu-17 kule minyaka yezimali emithathu ezayo.
Sizoqala ngo-5 km kulo nyaka ka-2011/2012 ozokudla u-R30 million bese kudaleka namathuba emisebenzi angu-200. Kuzokuthi ngonyaka ka-2012/2013 sakhe u-5 km ngemali engu-R45 million lapho kuzodaleka amathuba emisebenzi angu-200, bese kuthi omunye u-7 km wakhiwe ngonyaka ka-2013/2014 ngemali engu-R30 million okuzodala amathuba emisebenzi angu-200. Lokhu kusho ukuthi isiyonke imali esiyitshale kulo msebenzi ngale minyaka emithathu ingu-R105 million.
Sihlale sinxusa njalo-ke uma silethe le misebenzi ukuthi abaphethe uhlelo lokuqasha abantu bangalinge bafake indaba yobuqembu bepolitiki lapha. Uma uHulumeni eletha amathuba usuke ewalethela abantu bendawo abawadingayo, hhayi amalungu eqembu elithile.

Isikhathi sobandlululo sadlula kudala ngakho-ke akekho umuntu okumele acindezele omunye ngoba engakholelwa kulokho omunye akholelwa kukona. Esikufunayo ngukubona izindawo zasemakhaya zithuthuka ngesivinini manje.

Ngifisa ukusho futhi ukuthi ngaphandle kwalezi zigidi zamarandi ezizofakwa emsebenzini walo mgwaqo, kuvele sekunemali ebalelwa ku-R299.43 million esiyifake ezinhlelweni zokwakha nokugcina imigwaqo isesimweni kule ndawo yasoThukela ngonyaka wezimali u-2011/12.

Ngaphambi kokuthi ngiphethe, ake ngithathe leli thuba ngigcizelele ukuthi njengoba sibheke okhethweni loHulumeni baseKhaya, kumele nazi ukuthi phela kunezinselelo esibhekana nazo ezweni lethu njengoba kunamaqembu aphikisanayo kwezepolitiki.

Sinxusa yonke imiphakathi ukuba ihloniphe umthetho ngesikhathi sokhetho. Ukuzibophezela emgomweni wokuziphatha okwenziwa ngamaqembu ethu epolitiki ngesikhathi sokhetho, kumele sikubone kuthela izithelo emazingeni aphansi.

Akekho umuntu okumele aphoqe noma asabise omunye noma amphoqe ukuba aqoke iqembu elithile ngenkani ngalesi khathi sokhetho. Ngakho-ke uma kukhona umuntu oniqhathayo odala ukuba nilwe anokwazi ukuthi lowo muntu yisigilamkhuba okumele nisibike kwabomthetho. Umuntu owenza loko kusho ukuthi akayifuni inqubekela phambili, futhi ulwisana nentando yeningi, ngakho kumele abhekane nabomthetho.

Ngalawo mazwi sithi siyanihalalisela nonke sibonga ukuziphatha kahle kwenu kulo mcimbi omuhle kangaka.

**Ngiyabonga**